



## What do you mean?

**Nal'ibali is called a "reading-for-enjoyment" campaign. So, what exactly is "reading for enjoyment" and why does it matter?**

Different people call reading for enjoyment different things. Some call it "free voluntary reading" or just "free reading". Others call it "reading for pleasure" or "leisure reading". But, they all mean the same thing: reading for enjoyment is reading because you want to.

It's *not* reading because you need to find information for a project or assignment. It's *not* reading a book because your teacher said everyone in your class has to read a certain book, or because your parents said that reading is good for you. It is *not* reading because someone said they would pay you R20 if you read a book during the school holidays, or because you want to have more stars on your reading chart than anyone else in your class.

When you read for enjoyment, you choose what you read, and mostly, when you read. You do not have to finish a book if you don't like it. Nor do you have to talk about it or write about it afterwards – you may choose to, but you don't have to. There is no test on the book and there are no prizes for having finished it. But there certainly are rewards!

When you have read because you want to, your biggest reward is the satisfying feeling that comes from having experienced a good book. It comes from entering another world, or learning about something you're interested in, or from having your understanding of something or someone changed or deepened. It doesn't matter what your age is – whether someone is reading to you, or if you are reading for yourself – the rewards are the same.

And that's why it is so important to read to children simply because it is a satisfying thing to do together. When children hear lots of inviting stories, it allows them to experience the power of books. This motivates them to want to learn to read, and the more they read, the more likely they are to become good at it.

It goes round and round: the more you read, the easier it becomes, and so the more you are likely to want to read for enjoyment, and so you read more often. That's what makes children into lifelong readers.



## Ngabe usho ukuthini?

**UNal'ibali ubizwa ngomkhankaso "wokufundela ukuzithokozisa". Ngabe, empeleni kusho ukuthini "ukufundela ukuzithokozisa" futhi kubaluleke ngani?**

Abantu abahlukene babiza ukufundela ukuzithokozisa ngezinto eziningi ezahlukene. Abanye bakubiza ngokuthi "ukufunda ngokukhululeka ngokuzithandela" noma nje "ukufunda ngokukhululeka". Abanye bakubiza ngokuthi "ukufundela ukuzithokozisa" noma "ukufundela ukuziphumusa". Kodwa konke lokhu kusho into efanayo: ukufundela ukuzithokozisa ukufunda ngoba ufuna nje.

*Akusikho* ukufunda ngoba udinga ukuthola ulwazi oluthile lwepheprojekthi noma i-asayinimanti. *Akusikho* ukufunda incwadi ngoba uthisha wakho ethe wonke umuntu eklasini kumele afunde incwadi ethile, noma ngenxa yokuthi abazali bakho bethe ukufunda kuhle kuwe. *Akusikho* ukufunda ngoba kukhona umuntu othile othe uzokukhokhela u-R20 uma ufunda incwadi ngesikhathi samaholide ezikole, noma ngoba ufuna ukuba nezinkanyezi eziningi eshadini lakho ngokufunda ukudlula wonke umuntu eklasini.

Uma ufundela ukuzithokozisa, uyakhetha ukuthi ufundani, futhi ikakhulukazi, ukuthi ufunda nini. Akudingeki ukuthi uqede incwadi uma ungayithandi. Noma ukuthi kudingeka ukhulume ngayo noma ubhale ngayo emva kwalokho – khona ungakhethe ukwenzenjalo, kodwa awuphoqelekile. Akukho sivivinyo esimayelana nencwadi futhi akukho mklomelo wokuthi uyiqedile. Kodwa noma kunjalo kukhona imivuzo!

Lapho ufunde ngoba ufuna, umvuzo wakho omkhulu yilowo muzwa wokweneliseka ovela ekujuleni nencwadi emnandi. Uvela ekungeneni komunye umhlaba, noma ukufunda ngento ethile onentshisekelo ngayo, noma ekubeni nokuqonda okuthile noma umuntu othile sekuguquka noma kujula. Akunandaba ukuthi uneminyaka emingaki – noma ukuthi ngabe kukhona umuntu okufundelayo, noma ukuthi uzifundela wena – imivuzo iyafana. Yingakho-ke kubaluleke kangaka ukufundela izingane ngoba kuyinto eyenelisayo uma ningayenza ndawonye. Uma izingane zizwa izindaba eziningi ezihayayo, lokhu kuzenza zivezwe amandla ezincwadi. Lokhu kuzigqaguzela ukuthi zifunde ukufunda okubhalwe, kanti uma zifunda kakhulu, maningi amathuba okuthi zingaze zikwazi ukufunda kahle.

Kude kuzungeza nje; uma ufunda kakhulu, kuya ngokuba lula ukufunda, into engakwenza ukufunde ukufundela ukuzithokozisa, ngakho-ke ufunda kaningana. Yilokho okwenza izingane zibe abafundi impilo yazo yonke.



Drive your  
imagination

Story Power.  
Bring it home.  
Walethe ekhaya amandla endaba.





## Nal'ibali news

In September 2015, Nal'ibali joined WeChat! WeChat is an instant text and voice messaging app for cellphones. This means you can now stay in touch with us by using your cellphone in two ways – by going to our mobisite ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)) and by using WeChat.

"Nal'ibali strives to reach as many parents and caregivers as possible. More and more South Africans are using cellphones, so they are a great way for us to connect with people. Being on WeChat allows us to offer information and stories to people in an easy and affordable way," explained Malini Mohana, Nal'ibali's Digital Coordinator.

If you have the app, you have access to loads of things related to stories and reading for enjoyment. Here are some of them.

- \* The Nal'ibali account features multilingual stories in an easy-to-use format. You can pick the story and your language of choice with the click of a button.
- \* Useful reading-for-enjoyment tips are sent straight to your cellphone each week to help you tell stories and read to your own children and/or children at school or in your community.
- \* You'll find rhymes in different languages that you can read to young children.
- \* The app allows you to "talk" to us directly by sending us an instant message.
- \* You can take part in competitions by simply sending a message from your cellphone.

## Izindaba zakwaNal'ibali

NgoMandulo wezi-2015, uNal'ibali wangena ku-WeChat! I-WeChat yi-app (isisetshenziswa sensiza kamakhalekhukhwini esisebenza ngoges) ethumela umbhalo obhaliwe kanye nezwi ngaso leso sikhathi. Lokhu kuchaza ukuthi ungahlale uxhumene nathi ngokusebenzisa umakhalekhukhwini wakho ngezindlela ezimbili – ngokuya kumobhisayithi yethu ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)) nangokusebenzisa i-WeChat.

"UNal'ibali uphokophele ukufinyelela kubazali nakubanakekeli bezingane abaningi ngendlela okungenzeka ngayo. Baya ngokwanda abantu baseNingizimu Afrika abasebenzisa omakhalekhukhwini, ngakho-ke bayindlela enhle kakhulu yokuxhumana nabantu kithi. Ukuba ku-WeChat kusivumela ukuthi sihlizweke ngolwazi kanye nezindaba kubantu ngezindlela ezilula futhi ezingabizi," kuchaza uMalini Mohana, uMxhumanisi Wedijithali (*Digital Coordinator*) wakwaNal'ibali.

Uma une-app ukwazi ukufinyelela ezintweni eziningi ezihambisana nezindaba kanye nokufundela ukuzithokozisa. Nazi ezinye zazo.

- \* I-akhawunti yakwaNal'ibali inezindaba ezingezilimi eziningi ezitholakala ngendlela esebenziseka kalula. Ungakhetha indaba kanye nolimi oluthandayo ngokuchofaza inkinobho nje.
- \* Amacebo asebenzayo okufundela ukuzithokozisa athunyelwa ngqo kumakhalekhukhwini wakho ngesonto ngalinye ukuze kukusize ukuthi uxoxe izindaba, nokuthi ufundeke izingane zakho kanye/noma nezingane esikoleni noma emphakathini wakho.
- \* Uzothola imilolozelo ongayifundela izingane ezincane ngezilimi ezahlukene.
- \* I-app ikuvumela ukuthi "ukhulume" nathi ngqo ngokusithumelela umbiko ofika ngaso leso sikhathi.
- \* Ungangenela imincintiswano ngokuvele uthumele imiyalezo esuka kumakhalekhukhwini wakho.

So, follow the steps below to join the Nal'ibali family on WeChat! Once you've joined, you'll automatically receive stories and tips in the language of your choice on your cellphone each week. You'll also stand the chance of winning prizes.

1. Download WeChat from the app store on your cellphone, or from [www.wechat.com](http://www.wechat.com).
2. Follow the steps that you are given to create your WeChat profile.
3. Scan the Nal'ibali QR code alongside to add us.



Ngakho-ke, landela lezi zinyathelo ezingezansi ukuze uhlanganyele nomndeni wakwaNal'ibali ku-WeChat! Uma usungenile, uzovele uthole izindaba kanye namacebo ngezilimi ozithandayo kumakhalekhukhwini wakho masonto onke. Futhi ungase uwine imiklomelo.

1. Thwebula i-WeChat esitolo se-app esikumakhalekhukhwini wakho, noma ku-[www.wechat.com](http://www.wechat.com).
2. Landela izinyathelo ozinikeziwe ukuze wakhe iphrofayili yakho ye-WeChat.
3. Thwebula (scan) ikhowudi ye-QR yakwaNal'ibali eseceleni ukuze usengeze kuyo nathi.



Now you're ready to connect with Nal'ibali anywhere and anytime!

Manje usukulungele ukuxhumana noNal'ibali noma ikuphi nanganoma yisiphi isikhathi!

## Reading club corner

Here are some special days to celebrate in May and June. For things to do to celebrate these days, go to pages 3 and 16 of this supplement, and look out for details in Supplements 110 and 111.

May	Get Caught Reading month
8 May	Mother's Day
15 May	International Day of Families
16 May	Biographer's Day
25 May	Africa Day
1 June	International Children's Day
5 June	World Environment Day
16 June	Youth Day
19 June	Father's Day
30 June	Social Media Day

## Ikhona lethimba lokufunda

Nazi ezinye zezinsuku ezikhethekile ongazigubha ngoNhlaba kanye noNhlanguvana. Ukuze uthole izinto ongazisebenzisa ukugubha lezi zinsuku, yana ekhasini lesi-3 kanye nele-16 kulesi sithasiselo, bese ubheka iminingwane eSithasiselweni se-110 nese-111.

UNhlaba	Inyanga Yokutholakala Ufunda
Mhla ziyisi-8 kuNhlaba	Usuku Lomama
Mhla ziyi-15 kuNhlaba	Usuku Lwemindeni Lomhlaba Wonke
Mhla ziyi-16 kuNhlaba	Usuku Lwababhala Ngempilo Yomuntu Othile
Mhla zingama-25 kuNhlaba	Usuku Lwe-Afrika
Mhla lu-1 kuNhlanguvana	Usuku Lwezingane Lomhlaba Wonke
Mhla zi-5 kuNhlanguvana	Usuku Lomhlaba Wonke Lwesimo-sizinda (environment)
Mhla ziyi-16 kuNhlanguvana	Usuku Lwentsha
Mhla ziyi-19 kuNhlanguvana	Usuku Lobaba
Mhla zingama-30 kuNhlanguvana	Usuku Lwezinkundla Zokuxhumana



# Celebrating our mothers!

Each year on the second Sunday in May, we celebrate how important mothers are in our lives. Here are some thoughts that a few children sent to us about why they love the women who are mothers to them. Enjoy reading what they have written and then follow the instructions to make a Mother's Day card for the mother in your life!

## Ukugubhela omama bethu!

Minyaka yonke ngeSonto lesibili likaNhlaba, sigubha ukuthi babaluleke kangakanani omama bethu ezimpilweni zethu. Nansi eminye yemicabango esiyithunyelelwe yizingane ezimbalwa ekhombisa ukuthi kungani zithanda abesifazane abangomama kuzo. Thokozela ukufunda lokho ezikubhalile bese ulandela imiyalelo ukuze wenze ikhadi loSuku Lomama likamama obalulekile empilweni yakho!

I love my mother and I love my grandmother too. My grandmother is also my mother. She looks after me every day because my mom lives very far away. I only see my mom at Easter and at the end of the year. She works far away. I have two mothers!

*Naledi, 10 years old*

Ngiyamthanda umama wami kanti ngiyamthanda nogogo wami futhi. Ugogo wami ungumama wami futhi. Unginakekela nsuku zonke ngoba umama wami uhlala kude kakhulu. Umama wami ngimbona ngePhasika kanye nasekupheleni konyaka kuphela. Usebenza kude. Nginomama ababili!

*UNaledi, oneminyaka yobudala eyi-10*

I love my mother because she's my mommy.

*Khwezi, 6 years old*

Ngiyamthanda umama wami ngoba ungumama wami.

*UKhwezi, oneminyaka yobudala eyisi-6*

I love my mother because she always praises everyone. She says that they are clever, or beautiful, or talented, or kind. She's very good with praise.

*Bongani, 8 years old*

Ngiyamthanda umama wami ngoba uhlale encoma wonke umuntu. Uthi lowo muntu uhlakaniphile, noma muhle, noma unethalente, noma unomusa. Muhle kakhulu ekuncomeni.


*UBongani, oneminyaka yobudala eyisi-8*

I love my mother because she makes nice cakes.

*Lesebo, 7 years old*

Ngithanda umama wami ngoba ungenzela amakhekhe amnandi.

*ULesebo, oneminyaka yobudala eyisi-7*




### Make a Mother's Day card

1. Cut out the hearts by cutting along the red line.
2. Fold the hearts along the black dotted line.
3. Glue the two parts together.
4. On one side, draw a picture of you and the person you will give the card to. Write your message to her on the other side.
5. Remember to write your name at the end of your message.



### Yenza ikhadi Losuku Lomama

1. Sika izinhliziyi ngokusika ulandele umugqa obomvu.
2. Goqa izinhliziyi ulandele umugqa wamachashazi amnyama.
3. Hlanganisa lezi zingxenywe ezimbili ngegulu.
4. Kwelinye icala dweba isithombe sakho nesomuntu ozomnika ikhadi. Mbhalele umlayezo kwelinye icala.
5. Khumbula ukubhala igama lakho ekupheleni komlayezo wakho.



## Get story active!

Here are some ideas for using the two cut-out-and-keep books, *The great big fish*, (pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12) and *Granny's place* (pages 9 and 10) as well as the Story Corner story, *A salad with eight colours* (pages 13 and 15) – a special story for Mother's Day, featuring Mbali. Choose the ideas that best suit your children's ages and interests.

For more story activities, go to page 16.

Ukuze uthole eminye imisebenzi ephathelene nendaba, yana ekhasini le-16.

### The great big fish

In this story, Joe wants to be just like his father and catch a fish for supper. But it seems as if Joe may be a better storyteller than fisherman! Children of all ages are likely to enjoy this story.

- ★ The story has lots of repetition in it, for example: "I caught the biggest fish/sheep/goat that you've ever seen" and "That's a great big sheep/goat! You're a great big liar, Joe." Once your children know the story, invite them to join in when you read the words that are repeated in the story.
- ★ Encourage your children to make up their own stories that are inspired by this one. Then help them to write their stories down so that they can read them later.



### Granny's place

This is a simple little story about a girl who loves visiting her grandmother. The story is told mainly through the pictures. This story is especially suitable for younger children.

- ★ As you read the book together, allow time for your children to look at the pictures and comment on things they notice and find interesting. For example, you could say something like, "Look, that girl seems to really like oranges. That's just like you!"
- ★ After you have finished reading the story, ask your children to think of things they like to do with their grandparents or other family members you sometimes visit. Encourage them to write a list of these things – even if you have to help them by writing for them – and then to draw a picture of their favourite thing on the list.



### A salad with eight colours

It is Neo's mom's birthday. He has bought her a box of chocolates, Dad has bought her a pair of beautiful pink earrings and his younger sister, Mbali, has drawn her a beautiful picture on a card. While everyone is busy preparing for Mom's big birthday party, Neo is supposed to be looking after Mbali. But he would rather read his new book, and so he doesn't notice Mbali getting up to all kinds of mischief. This is a good story for reading aloud or retelling.

- ★ With your children, look on the internet or in a cookbook for a recipe for something none of you has ever tried to make before. Together check what ingredients you will need and then read and follow the steps in the recipe. Or, create a new dish together by combining ingredients you have at home. Then write down the recipe so that you can make it again later or share it with others.
- ★ What is your favourite colour? Play a guessing game together, where you tell everyone the names of objects you can think of that have your favourite colour in or on them. See how quickly everyone can guess the name of the colour! Let everyone have a turn to describe their favourite colour.



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nansi eminye imiqondo ezosetshenziswa ezincwadini ezimbili ozozisika uzikhiphe bese uyazigcina; *Inhlanzi enkulu kakhulu*, (emakhasini elesi-5, 6, 11 nele-12) kanye nethi *KwaGogo* (emakhasini elesi-9 nele-10) nendaba yeKhona Lezindaba ethi *Isaladi enemibala eyisishiyagalombili* (emakhasini ele-14 kanye nele-15) – indaba ekhethekile yoSuku Lomama enomlingiswa onguMbali. Khetha imiqondo ehambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.

### Inhlanzi enkulu kakhulu

Kule ndaba, uJoe ufuna ukufana noyise adobe inhlanzi yesidlo sakusihlwa. Kodwa kubukeka sengathi uJoe angaba umxoxi wendaba ovelele kunokuba umdobi! Izingane zayo yonke iminyaka zingase ziyithokozele le ndaba.

- ★ Indaba inokuphindwayo okuningi kuyo, isibonelo: "Ngibambe inhlanzi/imvu/imbuzi enkulu kunazo zonke osuke wazibona" kanye nokuthi "Lena yimvu/yimbuzi enkulu kakhulu! Awuwe unamanga Joe." Uma izingane zakho seziyazi indaba, zimeme ukuthi zihlanganyele nawe uma ufunda amagama aphindiwe asendabeni.
- ★ Gqugquzela izingane zakho ukuthi zizenzele izindaba zazo ezifuze lena eyisibonelo sazo. Emva kwalokho bese uzisiza ukuthi zibhale phansi izindaba zazo ukuze zizifunde kamuva.

### KwaGogo

Le yindaba elula yentombazanyana ethanda ukuvakashela ugogo wayo. Indaba ixoxwa kakhulu ngezithombe. Le ndaba ilungele kakhulu izingane ezincane.

- ★ Lapho nifunda indaba ndawonye, vumela izingane zakho ukuthi zibheke izithombe bese ziphefumula ngezinto ezizibonayo nezizithola zihlaba umxhwele. Isibonelo, ungasho into efana nokuthi, "Awubheke, sengathi le ntombazane iwathanda ngempela amawolintshi. Kufana nawe lokhu!"
- ★ Ngemva kokuqeda ukufunda indaba, cela izingane zakho ukuthi zicabange ngezinto ezithanda ukuze nogo nomkhulu bazo noma namanye amalungu omndeni ezike ziwavakashele. Zigqugquzele ukuthi zibhale uhlu lwalezi zinto – noma ngabe kudingeka ukuthi uzisize ngokuzibhalela – bese zidweba isithombe sento eziyithandayo ohlwini lolo.

### Isaladi elinemibala eyisishiyagalombili

Lusuku lokuzalwa lukamama kaNeo. Uthengele unina ibhokisi likashokoleli, uBaba umthengele ipheya lamacici amahle aphinki kanti-ke udadewabo omncane, uMbali, umdwebele isithombe esihle ekhadini. Lapho wonke umuntu ematasatasa elungiselela usuku lokuzalwa lukaMama olukhulu, uNeo kumele anakekele uMbali. Kodwa kunalokho ufunda incwadi yakhe entsha, lokho-ke kubanga ukuthi angamboni uMbali ngesikhathi enza konke ukuganga kwakhe. Le yindaba enhle kakhulu ukuthi ingafundwa kakhulu noma ixoxwe kabusha.

- ★ Wena unezingane zakho, bhokani ku-inthanethi noma ebhukwini lokupheka ukuze nithole amaresiphi ento okungekho kini oke wazama ukuyenza ngaphambili. Nindawonye, bhokani ukuthi yiziphi izithako enizozidinga bese nifunda futhi nilandele imiyalelo ekuresiphi. Noma-ke nizenzele uhlobo lokudla okusha ndawonye ngokuhlenganisa izithako eninazo ekhaya. Bese nibhala phansi iresiphi ukuze niyisebenzise futhi kamuva noma nabelane ngayo nabanye.
- ★ Yimuphi umbala wakho owuthandayo? Dlalani umdlalo wokuqagela nindawonye, lapho utshela khona wonke umuntu amagama ezinto ongazicabanga ezinombala owuthandayo kuzo. Bhoka ukuthi wonke umuntu ushesha kanjani ukuqagela igama lombala! Nikeza wonke umuntu ithuba lokuchaza umbala awuthandayo.



### Create TWO cut-out-and-keep books

#### Granny's place

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

#### The great big fish

1. To make this book use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

#### KwaGogo

1. Khipha ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu ukuze wehlukanise amakhasi.

#### Inhlanzi enkulu kakhulu

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 kanye nele-12.
2. Gcina ikhasi lesi-7 kanye nelesi-8 phakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa amaphepha abe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Asonge abe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu ukuze uhlukanise amakhasi.

## NAL'IBALI ON RADIO!

Tune in to your favourite SABC radio station and enjoy listening to children's stories! To find out the days and times that Nal'ibali is on the radio, go to [www.nalibali.org/audio-downloads/](http://www.nalibali.org/audio-downloads/).



## USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela isiteshi sakho somsakazo sakwa-SABC osithandayo bese uthokozele ukulalela izindaba zezingane! Ukuze uthole izinsuku kanye nezikhathi angena ngazo emsakazweni uNal'ibali, iya ku-[www.nalibali.org/audio-downloads/](http://www.nalibali.org/audio-downloads/).



“I caught the biggest sheep that you’ve ever seen, Dolly. Look!” said Joe.

Dolly looked inside the bag.

“That’s a great big goat! You’re a great big liar, Joe!” said Dolly.

“Ngibambe imvu enkulu kunazo zonke osewake wazibona, Dolly. Bukal!” kusho uJoe.

UDolly wabuka phakathi esikhwameni.

“Yimbuzi enkulu kakhulu! Awuve umama, Joe!” kusho uDolly.

## The great big fish

### Inhlanzi enkulu kakhulu

Ann Walton  
Trish de Villiers



Joe catches a great big fish for supper.  
It is the biggest fish he’s ever seen!  
He heaves it into a bag and runs home to  
give it to his mother.  
But on the way, VERY strange things  
happen inside the bag.  
Will he still have a fish for supper when  
he gets home?



The great big fish is available in English and Afrikaans.  
To order a copy, send an email to [patricia.devilliers@telkomsa.net](mailto:patricia.devilliers@telkomsa.net)  
or [ann.walton@telkomsa.net](mailto:ann.walton@telkomsa.net).

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment  
campaign to spark children’s potential through  
storytelling and reading. For more information,  
visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal’ibali umkhankaso wokufundela  
ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho  
okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda  
izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane,  
vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma  
ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

UJoe wagijima eya ekhaya ukuyobonisa unina imvu enkulu kakhulu. Endleleni wahlangana nomngani wakhe.



Joe ran home to show his mother the great big sheep. On the way he met a friend.

UJoe walunguza esikhwameni. Impela, kwakukhona imbuzi enkulu kakhulu ngaphakathi!



Joe peered into the bag. Sure enough, there was a great big goat inside it!

Joe's father was a fisherman, and every morning he sold his fish at the market.

Uyise kaJoe wayengumdobi, kanti njalo ekuseni wayedayisa izinhlanzi zakhe emakethe.



Joe laughed. At least Dad didn't call him a great big liar!




UJoe wahleka. Okungenani uBaba akazange ambize ngomqambi manga omkhulu!



Joe ran home to show his mother  
the great big goat.  
UJoe wagtjima waya ekhaya  
ukuze akhombise umama imbuzi  
enkulu kakhulu.

UJoe walunguza esikhwameni.  
Nembala, kwakukhona imvu enkulu  
kakhulu ngaphakathi kwaso!



Joe peered into the bag. Sure enough,  
there was great big sheep inside it!

“You caught the biggest fish today,  
Joe,” said Dad. “And you are the  
biggest storyteller!”

But he always took one fish home  
for supper.



“Ubambe inhlanzi enkulu kunazo  
zonke namhlanje, Joe,” kusho uBaba.  
“Kanti futhi ungumxoxi wezindaba  
omkhulu kunabo bonke!”




Kodwa njalo nje wayeya  
ekhaya nenhlanzi eyodwa  
yesidlo sasebusuku.

UBen wabuka ngaphakathi esikhwameni.  
 “Yimvu enkulu kakhulu lei! Awuve  
 umama, Joe!” kusho uBen.

“Ngibambe inhlanzi enkulu kunazo  
 zonke osewake wazibona, Ben. Bukal!”  
 kusho uJoe.

“That’s a great big sheep! You’re a great  
 big liar, Joe!” said Ben.

Ben looked inside the bag.  
 “I caught the biggest fish that you’ve  
 ever seen, Ben. Look!” said Joe.



“I’m going to catch a fish  
 for supper tonight,” said  
 Joe. “A great big fish!”


“Ngizobamba inhlanzi  
 yesidlo sakusihlwa,”  
 kusho uJoe, “Inhlanzi  
 enkulu kakhulu!”

UMama wabheka ngaphakathi  
 esikhwameni.  
 “Ngcingi!” kusho yena. “Yinhlanzi enkulu  
 kunazo zonke engake ngazibona!”

“Ngibambe imbuzi enkulu kunalezo owake  
 wazibona, Mama. Buka nje!” kusho uJoe.


“Wow!” she said. “That’s the biggest fish  
 I’ve ever seen!”

Mom looked inside the bag.  
 “I’ve caught the biggest goat that you’ve  
 ever seen, Mom. Look!” said Joe.



... that turned into a great  
 big goat ...


... ephenduke imbuzi  
 enkulu kakhulu ...



... that turned back into  
 a great big fish!

... ephinde yaphenduka  
 inhlanzi enkulu  
 kakhulu!

Amabunga  
Leaves



Amawolintshi  
Oranges

Izihlahla  
Trees



CAMBRIDGE


Granny's place is from the Rainbow Reading series by Cambridge University Press. Rainbow Reading is a graded series for primary schools. It provides a wealth of original stories and factual texts, which will help learners to develop the reading skills and vocabulary they need to meet the requirements of the curriculum – in all learning areas. Rainbow Reading consists of 350 titles which are grouped by level and theme. For further information, visit [www.cup.co.za](http://www.cup.co.za)



Cambridge University Press  
P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002  
Tel 021-4127800 | Fax 021 4198418  
Email [info@cup.co.za](mailto:info@cup.co.za)

 **CAMBRIDGE**  
UNIVERSITY PRESS  
[www.cup.co.za](http://www.cup.co.za)

# Granny's place KwaGogo



Nonhlanhla Dlamini  
Pinkie Wilson



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)




UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



I love Granny's place.  
Ngiyakuthanda kwaGogo.




A warm fire  
Umlilo ofudumele




"Hello, Granny!"  
"Sawubona, Gogo!"

Granny's hugs



Ukwangiwa uGogo





While Mom cooked the great big fish for supper, Joe told Dad about the great big fish ...

Lapho uMama epheka inhlanzi enkulu kakhulu yesidlo sakusihlwa, uJoe waxoxela uBaba ngenhlanzi enkulu kakhulu ...



... that turned into a great big sheep ...

... ephenduke imvu enkulu kakhulu ...



Joe baited his hook and cast his rod out over the lake.


UJoe wafaka ukudla kodobo ehukwini lakhe wase ephonsa udobo echibini.




He heaved it into his fishing bag and ran home to give it to his mother. On the way he met a friend.

Wayifukula wayifaka esikhwameni sezinhlanzi wase egijima eya ekhaya kumama wakhe. Endleleni wahlangana nomngani wakhe.

Almost at once he hooked a great big fish that nearly jumped out of the water. It was the biggest fish he had ever seen.



Ngokuphazima kweso wayesebambe inhlanzi enkulu kakhulu eyacishe yagxumela ngaphandle kwamanzi. Kwakuyinhlanzi enkulu kakhulu kunake wazibona.




UJoe walunguza esikhwameni. Nembala, kwakukhona inhlanzi enkulu kakhulu ngaphakathi!

Joe peered into the bag. Sure enough, the great big fish was inside it!

Mom put her arms around Joe and gave him a great big kiss.

“Thank you for catching our supper, Joe,” said Mom.




UMama wasingatha uJoe wamqabula kakhulu ngempela.

“Siyabonga ngokusibambela isidlo sethu sakusihlwa, Joe,” kusho uMama.

# A salad with eight colours

By Helen Brain ✨ Illustrations by Rico



It was Mom's birthday. Neo had saved up his pocket money and bought her a box of chocolates. Dad had bought her a pair of beautiful pink earrings and Mbali had drawn a beautiful picture on a card.

"Thank you, my darlings," Mom said, putting the earrings away safely in the jewellery box on her dressing table. "I have to hurry now or I'll be late at the hairdresser. I'm having my hair done so I can look extra special for my party tonight."

A little while later Gogo called Neo. "I'm busy making food for Mom's birthday party," she said. "Please watch Mbali for me."

"Okay, Gogo," said Neo. But he wasn't really listening. He had a new book from the library all about two boys who sail the seas on a pirate ship.

"Neo," called Gogo after a while, "what is Mbali doing?"

Neo jumped up. He had forgotten all about his little sister. Where was she? He could hear her singing to herself. She had Mom's jewellery box open and she was wearing all Mom's necklaces and rings and bracelets.



"No, Mbali!" Neo said. "You're not allowed to touch those."

Mbali started crying, so Neo quickly packed away all the necklaces, rings and bracelets. Then he picked up his little sister and carried her to the kitchen.

Gogo was very busy. She was watching a pretty lady called Siba on the TV. Siba was making something called a seven colour salad.

"Why is it called a seven colour salad?" Neo asked.

"Look," said Gogo, pointing to the ingredients on the table. "It's got white rice, green peppers, red peppers, orange peppers, brown bacon and black pepper."

"Red's my favourite colour," said Neo, nibbling on a piece of bacon.



"Yellow's mine," said Gogo.

"And Bella loves green," said Neo.

"Pink, pink," said Mbali.

"But Gogo, that's only six colours," said Neo.

"Well, I'm going to add some curry powder," said Gogo. "Mbali, what colour is curry powder?"

"Pink," said Mbali.

Gogo and Neo laughed.

"Noooo," Neo giggled, "it's yellow."

Soon the salad was finished. Gogo put it on the table and covered it with a cloth. "I'm quickly going next door to ask Mrs Mthembu if she can lend me a cup of sugar. Neo, you watch your sister. Make sure she doesn't touch anything."

"Bring all your teddies here," Neo said to Mbali. "Then you can play with them while I read my book."

Mbali trotted off to her bedroom and brought out all her teddies. Neo helped her line them up on the couch and cover them with a blanket so she could put them to sleep. Then he picked up his book and started to read again.

"La, la, la, la," sang Mbali to her teddies. Neo turned the page. This book was so exciting. "La, la, la, la," sang Mbali.

Suddenly Neo looked up. Mbali wasn't singing anymore. Where was she? He checked all the rooms. There she was, in the kitchen, standing on one of the chairs. She was eating Gogo's seven colour salad.



"NO!" shouted Neo. "That's for Mom's party."

Quickly he took a spoon and smoothed over the top of the salad and put the cloth back neatly. It looked as good as new. *Eish!* That was close.

By five o'clock everything was ready. Mom had got back from the salon and her hair looked beautiful. Neo had helped Dad light the fire for the braai and Gogo had bathed Mbali and dressed her in her prettiest party dress.

Suddenly there was a loud shriek from Neo's parents' bedroom, "My new earrings are gone!"

Neo hurried to the bedroom. Mom was nearly in tears. "I put them here," she wailed. "I put them in my jewellery box just this morning, and now they're gone! We must have had a burglary!"

"Oh dear," said Neo. "Mbali was playing with your rings and necklaces this morning, but I put everything away neatly, I promise."

"Mbali," called Mom. "Come here."

Mbali's bottom lip began to tremble and she looked down at the ground.

"Where are my earrings?" asked Mom. Mbali started to cry.

✨ Continued on page 15.



# Isaladi enemibala eyisishiyagalombili

NguHelen Brain ★ Imidwebo nguRico

Ikhona  
lendaba

Kwakuwusuku lokuzalwa lukaMama. UNeo wayonge imali yakhe ayiphiwayo wase emthengela ibhokisi likashokoledi. UBaba wayemthengele amacici amahle aphinki, kanti uMbali yena wayedwebe isithombe esihle ekhadini.

“Ngiyabonga, zithandwa zami,” kusho uMama, ebeka amacici ngokuphepha ebhokisini lokugcina ubucwebe eliphezu kwe-dressing table yakhe. “Kumele ngiphuthume manje, uma ngingenzi njalo ngizofika ngemva kwesikhathi kozongicwala izinwele. Ngizocwala izinwele zami ukuze ngibukeke ngokukhethekile edilini lami lakusihlwa.”

Emva kwesikhashana uGogo wabiza uNeo. “Ngisapheka ukudla kwedili losuku lokuzalwa lukaMama,” kusho yena. “Ngcela ungibhekele uMbali.”

“Kulungile, Gogo,” kusho uNeo. Kodwa empeleni wayengamlalele ukuthi uthini. Wayenencwadi entsha evela emtatsheni wezincwadi emayelana nabafana ababili abahamba olwandle ngesikebhe sezigcwelegcwele zasolwandle.

“Neo,” kumemeza uGogo emva kwesikhashana, “wenzani uMbali?”

UNeo wagxuma. Wayesekhohlwe nya ngodadewabo omncane. Kazi ukuphi? Wayemuzwa eziculela nje. Wayepethe ibhokisi elivuliwe elinobucwebe bukaMama, futhi egqoke yonke imigexo kanye nezindandatho kanye namasongo asezihlakaleni kaMama.

“Cha, Mbali!” kusho uNeo. “Awuvunyelwe ukuthi uthinte lezo zinto.”

UMbali waqala ukukhala, ngakho uNeo washesha wathatha yonke imigexo, izindandatho kanye namasongo wayokubeka. Wase equkula udadewabo omncane eya naye ekhishini.

UGogo wayematasatasa kakhulu. Wayebuka intokazi enhle ebizwa ngoSiba kumabonakude. USiba wayenza into ebizwa ngokuthi isaladi enemibala eyisikhombisa.

“Kungani ibizwa ngokuthi isaladi enemibala eyisikhombisa?” kubuza uNeo.

“Bheka la,” kusho uGogo, ekhomba izithako ezisetafuleni. “Inelayisi elimhlophe, ophepha abaluhlaza okotshani, ababomvu, abanombala osawolintshi, ubhekani onsundu kanye nophelpha omnyama.”

“Ngiyawuthanda umbala obomvu,” kusho uNeo, eluma ucezu lukabhekani.



“Mina ngithanda ophuza,” kusho uGogo.

“Kanti uBella yena uthanda oluhlaza okotshani,” kusho uNeo.

“Phinki, phinki!” kusho uMbali.

“Kodwa Gogo, kunemibala eyisithupha kuphela,” kusho uNeo.

“Empeleni, ngizothela nokhali,” kusho uGogo. “Mbali, uwumbala muni ukhali?”

“UPhinki,” kusho uMbali.

UGogo noNeo bahleka.

“Cha-a-a-a,” kugigitheka uNeo, “uphuza.”

Ngokushesha yase iphelile ukwenziwa isaladi. UGogo wayibeka etafuleni wase eyimboza ngendwangu. “Ngisaya la kwamakhelwane ngiyocela uMama uMthembu ukuthi anginanele inkomoshi kashukela. Neo, ubheke udadewenu. Uqinisekise ukuthi akathinti lutho.”

“Letha la bonke othedi bakho,” kusho uNeo kuMbali. “Uzokwazi ukudlala ngabo ngenkathi ngifunda incwadi yami.”

UMbali wahamba waya egumbini lakhe wase ebuya nabo bonke othedi bakhe. UNeo wamsiza ukubaklelisa kusofa nokubambathisa ingubo ukuze abalalise. Wase ethatha incwadi yakhe waqala ukufunda futhi.

“La, la, la,” uMbali eculela othedi. UNeo waphenya ikhasi. Le ncwadi yayihlaba umxhwele kakhulu. “La, la, la,” kucula uMbali.

Kusenjalo uNeo waphakamisa amehlo. UMbali wayengasaculi. Ngabe uphi? Wambheka kuwo wonke amagumbi. Nanguya, ekhishini, eme phezu kwesinye sezitulo. Wayedla isaladi kaGogo enemibala eyisikhombisa.



“KAHLE BO!” kumemeza uNeo. “Eyedili likaMama!”

Washesha wathatha isipuni walungisa kahle ingaphezulu lesaladi wase ebuyisela indwangu ngobunono. Yayibukeka isafana neyayisanda kwenziwa. Hawu! Ciske konakala.

Konke kwase kumi ngomumo ngehora lesihlanu. UMama wayesebuyile esaluni futhi nezinwele zakhe zazibukeka zizinhle. UNeo wayesize uBaba ukuthi abase umlilo wezoso, kanti uGogo yena wayegeze uMbali wase emgqokisa ingubo yakhe yedili enhle kakhulu.

Kusenjalo kwaqhuma isililo egumbini lokulala labazali bakaNeo, “Alahlekile amacici ami amasha!”

UNeo waphuthuma egumbini lokulala. UMama wayehlengazela izinyembezi. “Ngiwabeke la,” kukhala yena. “Ngiwafake ebhokisini lobucwebe namhlanje ekuseni, manje aselahlekile! Kungenzeka ukuthi sigqokezelwe!”

“Awu nkosi yami,” kusho uNeo. “UMbali ubedlala ngamacici kanye nemigexo yakho namhlanje ekuseni, kodwa ngibuyisele kahle yonke into, ngiqinisele.”

“Mbali,” kumemeza uMama. “Woza la.”

Lwaqala ukuvezelela udebe olungezansi lomlomo kaMbali, wase eqala ukubheka phansi.

“Aphi amacici ami?” kubuza uMama. UMbali waqala ukukhala.

★ Iqhubeka ekhasini le-15.

From page 13. ★

"I told you to watch your sister, Neo," said Gogo. "You know she's not allowed to play with your Mom's things."

Neo felt terrible. He hung his head. "I'm really sorry, Mom," he murmured. Now Mom's birthday was spoilt and it was all his fault.

Wait! What was that he saw? There was something sparkly under the dressing table. Quickly Neo crawled under the dressing table and picked it up. "Here's one of your earrings, Mom!" he called.

He looked everywhere for the other pink earring – under the dressing table, under the bed, in Mom's drawer. He even checked Mbali's bed and her doll's pram, but he couldn't find it anywhere. Mom was very sad – she couldn't wear only one earring.

Just then the doorbell rang. Their friends had arrived for the party. Mom put on her old blue earrings and she put a smile on her face and went to say hello to everyone who had come to wish her a happy birthday. Dad put the sausage on the braai and soon everyone was laughing and talking.

Neo could see that Mom was still sad. "I wish I'd watched Mbali better," he thought as he helped Gogo carry the salads outside to the big table.

"Let's eat," said Dad. "It all looks delicious. Thank you, Gogo for making such wonderful food."

"She learnt how to make the seven colour salad from a lady on TV," said Neo. "There's white rice, and green and red and orange peppers, and brown bacon, and yellow curry powder, and black pepper in it."

"Pink, pink," called Mbali, banging the table with her spoon. "Pink, pink."


"MMMM," said Mom. "I can't wait to try it."

She scooped a big serving onto her plate and took a mouthful. Suddenly she stopped chewing. Her eyes grew big and round. Something was wrong!

"What's the matter?" asked Dad.

"Don't you like it?" Gogo asked. "Did I put too much curry powder in it?"

Mom put her hand into her mouth and pulled something out. "My earring!" she cried. "Here's my lost earring."



"Pink," said Mbali with a big smile. "Pink."

"Mbali put your earring in the salad," giggled Neo. "She was sad because the salad didn't have her favourite colour in it."

"I think tonight we will have to call it an eight colour salad," smiled Gogo.

Everybody laughed, even Mbali who was holding Mom's pink earring.

Kusuka ekhasini le-14. ★

"Ngikutshelile ukuthi ubheke udadewenu, Neo," kusho uGogo. "Uyazi ukuthi akumele adlale ngezinto zikaMama wakho."

UNeo waphatheka kabi. Wagebisa ikhanda lakhe. "Ngiyaxolisa kakhulu, Mama," engundaza. Manje kwase konakele usuku lokuzalwa lukaMama wakhe futhi lokhu kwakube yiphutha lakhe.

Yimani bo! Yini le ayeyibona? Kwakukhona into eyayikhazimula ngaphansi kwe-dressing table. Ngokushesha uNeo wakhasa ngaphansi kwe-dressing table wase eyicosha. "Nali elinye lamacici akho, Mama!" kumemeza yena.

Walibheka yonke indawo elinye icici eliphinki – ngaphansi kwe-dressing table, ngaphansi kombhede, ediloweni likaMama. Wabheka nasembhedeni kaMbali kanye nasenqoleni yokuqhuba unodoli wakhe, kodwa akazange alithole ndawo. UMama wayekhathazeke kakhulu – wayengakwazi ukugqoka icici elilodwa.

Kusenjalo kwezakala kukhala insimbi yasemnyango. Abangani babo base befikile beze edilini. UMama wafaka amacici akhe amadala aluhlaza okwesibhakabhaka, wase emamatheka wayobingelela bonke abantu ababezomfisela usuku oluhle lokuzalwa. UBaba wosa amasosishi kanti emva kwesikhashana nje wonke umuntu wayesehleka, exoxa.

UNeo wabona ukuthi uMama wakhe wayesadangele. "Ngifisa sengathi ngabe bengimbheke kangcono uMbali," kucabanga yena ngesikhathi esiza uGogo ukuqukula isaladi iye etafuleni elikhulu ngaphandle.

"Masidleni-ke," kusho uBaba. "Ibukeka imnandi. Siyabonga, Gogo ngokwenza ukudla okumnandi kanje."

"Ufunde ukwenza isaladi enemibala eyisikhombisa entokazini ekumabonakude," kusho uNeo. "Naliya ilayisi elimhlophe, nophepha abaluhlaza okotshani, nababomvu, nabanombala osawolintshi, nobhekeni onsundu, nokhali ophuzi, kanye nophepha omnyama kuyo."

"Ophinki, ophinki!" kumemeza uMbali, eshaya itafula ngesipuni sakhe.

"Ophinki, ophinki!"

"MMMM," kusho uMama. "Angisakwazi ukuzibamba."

Waphakela isaladi eningi epletini lakhe wase ekha umthamo ogcwele. Kusenjalo wayeka ukuhlafuna. Wavula amehlo kakhulu aba yizimbulunga. Kukhona okwakungahambi kahle!

"Kwenzenjani?" kubuza uBaba.

"Ngabe awuyithandi yini?" kubuza uGogo. "Ngabe ngithele ukhali omningi kakhulu kuyo?"

UMama wafaka isandla sakhe emlonyeni wase edonsa okuthile. "Icici lami!" kumemeza yena. "Nali icici lami ebelilahlekile."



"Phinki," kusho uMbali emamatheke kakhulu. "Phinki!"

"UMbali ufake icici lakho kusaladi," kugigithaka uNeo. "Ubephatheke kabi ngoba isaladi beyingenawo umbala wakhe awuthandayo."

"Ngicabanga ukuthi kusihlwa kumele siyibize ngesaladi enemibala eyisishiyagalombili," kumamatheka uGogo.

Kwahleka wonke umuntu, kuhlanganisa noMbali owayephethe icici likaMama eliphinki.

# Nal'ibali fun Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



\* Find **eight** differences between these two pictures.

\* Thola umehluko **oyisishiyagalombili** phakathi kwalezi zithombe ezimbili.




\* Unscramble the letters to find the names of six colours.

NPKI \_\_\_\_\_  
OLEWYL \_\_\_\_\_  
EGERN \_\_\_\_\_  
RONBW \_\_\_\_\_  
EDR \_\_\_\_\_  
AKLBC \_\_\_\_\_




\* Misa kahle izinhlamvu zamagama ukuze uthole amagama emibala eyisithupha.

NPKIHI \_\_\_\_\_  
UZPHI \_\_\_\_\_  
LAHLUAZ KTSOHNAI \_\_\_\_\_  
DUNUNS \_\_\_\_\_  
MBOUV \_\_\_\_\_  
AYMNAM \_\_\_\_\_



\* Look at these pictures from *The great big fish*. Number the pictures so that they match the order in which things happen in the story. Now use the pictures to retell the story.

\* Buka lezi zithombe ezivela endabeni ethi *Inhlanzi enkulu kakhulu*. Bhala izinombolo ezithombeni ukuze ziqondane nokulandelana kwangendlela okwenzeke ngayo izinto endabeni. Manje-ke sebenzisa izithombe ukuze uxoxe kabusha indaba.



Answers: pink, yellow, green, brown, red, black  
izimpundu: phinki, phuzi, luhlaza okotshani, nsundu, bomvu, myama

Need copies of this supplement in other languages, or copies of older supplements? Download them for free at: <http://nalibali.org/resources/nalibali-supplements/>.

Visit us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sivakashale ku-Facebook  
ku-[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)

Ngabe udinga amakhophi alesi sithasiselo ngezinye izilimi, noma amakhophi ezithasiselo ezindala? Zithwebule mahhala ku-<http://nalibali.org/resources/nalibali-supplements/>.

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translation by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SundayWorld

